health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**Telephone:** +27 (0) 35 572 1327
**Fax:** +27 (0) 35 572 1251
**Email:** makho.themba@kznhealth.gov.za
**Postal Address:** P/bag X026, Jozini, 3969
**Physical Address:** Jozini main street, opposite the Post Office

# Ziyanda izikhungo zezeMpilo eMkhanyakude



Umkhanyakude Health District Manager Ms. M.P. Themba exoxa nomphakathi wase eDumbe CHC ebafisela nokwelulama





**Phezulu:** izakhiwo zesikhungo sezempilo eJozini kanye nethimba laseMkhanyakude lihlephulelana imibono nethimba laseDumbe CHC

Isifunda saseMkhanyakude sizoba nesikhungo sezempilo somphakathi sokuqala ngqa phecelezi i Community Health Centre! Le sikhungo phela silindeleke ukuba siqale ukusebenza usanda kuqala nje unyaka ozayo u 2014 endaweni yaseJozini, enyakatho yesifundazwe saKwaZulu Natal.

Phela lokhu kuwuphawu lokuthi Umnyango WeZempilo uyaqhubeka nokulwa nezifo emphakathini ubuye unikeze ithemba ukuze phela abantu baseNingizimu Afrika bazophila impilo ende phecelezi *"A long and healthy life for all South Africans";* phela vele kuyisifiso soMnyango WeZempilo ukwenweba isikhathi esiphilwa umuntu ngamunye ukuba okungenani akwazi ukuphila iminyaka engase ifinyelele kwengama-70.

Ukulungiselela ukusebenza kwalesi sikhungo, ithimba eliqokelwe ukuqinisekisa ukuthi yonke into ihamba kahle kulesikhungo liye lavakashela isikhungo somphakathi saseDumbe, eSifundeni iZululand mhla ziyi 15 November 2013 ukuyocobelelana ngolwazi phela ukuze kuqinisekiswe ukuthi lesikhungo siletha izidingo ngokuyikho emphakathini.

Phela isifunda seseMkhanyakude sinezibhedlela eziyi-5; kodwa ke ukuzuza esinye sezikhungo sohlobo lwe Community Health Centre kuzosiza ekwehliseni umthwalo ezibhedlela njengoba phela uHulumeni elubeka phambili uhlelo lokusabalalisa ezempilo emphakathini nokutholakala kwezifo zingakabi namandla zisheshe zilapheke phecelezi I Primary Health Care.

*Fighting diseases, Fighting poverty, Giving hope*